AS1983-1-1-9

/IVALIWE IZE IKHULUNYWE/

UMLAYEZO WO-MONGAMELI WENKATHA NO-NDUNANKULU KAZULU ESIZWENI ESISE-NGWAVUMA.

Ngithandile ukubonga nxa uMntwana wakwaMinya namakhosi namalunga abahamba nawo beza lapho eNgwavuma lapho ngibathumele khona njengoba belokhu benani njalo Sizwe saseNgwavuma sonke lesisikhathi sosizi.

Okokuqala, kumele sibonge uNkulunkulu nezinyanya ukuba siphumelele ecaleni ebesilimangele ngesenzo esibi sika-Hulumeni sokuzama ukusephuca Ingwavuma ayiphe abaseSwazini. Siyakubonga ukuphumelela kulesisiwombe kulempi enkulu kangaka esisabhekene nayo ngisho namanjena-nje, ngoba phela amanqe siyawabona ukuthi awakadeli namanje asalizulazulela leli laseNgwavuma. Singalibali yilokho.

Siyazi ukuthi baningi abasho nokusho ukuthi kwabangani ukuba sivume ukungena kwikhomishana ka-Rumpff okusathiwa izophenya udaba lwase-Ngwavuma ngalesisikhathi na, ngoba necala saliwina njena na? Lokho sakwenza ngabomu ngoba sase sizwile ukuthi base benqume ukuya ePhalamende yabo lena thina esingamelwe ngalutho kuyo, hayoyithatha ngenkani ngomthetho wempoqo indawo yaseNgwavuma. Ngakhoke ngakubona kuyikuhlakanipha ukubathiya enjongweni yabo yokuthatha lendawo ngenkani ngokuba ngithi nathi kuhle sikhethe amadoda angase aphenye nabo loludaba. Kwabangalesosizathu-ke ukuba ngivume ukuba singene ekuphenyeni. Akungakho ukuthi kasazi ukuthi indawo yaseNgwavuma nabantu baseNgwavuma bangabaKwaZulu selokhu kwathi nhlo! Lesisinqumo sisinika ithuba lokuba kesihlabe ikhefu futhi silungise namanye amangwevu nathi okubhekana nabo abafo.

Ngakhoke ngicela ukuba ningadikibali Sizwe saseNgwavuma. Okhokho bethu, noBabamkhulu nawoBaba balilwela lelizwe balifela. Futhi nathi sizimisele ukulifela nxa kudingeka ukuba ngempela silifele futhi. Kepha lokhu kakumele sikwenze noma singakafiki isikhathi sakho, ukuba siziphose-nje emlilweni singakawulungeli.

Ukulwa......../2

Ukulwa kuyikuziphosa emlilweni noma kunini, ngoba kusuke kungaziwa ozowina kepha kubangcono ukuziphosa nokho umuntu esekulungele ukuthi noma sengingasha manje singase sinqobe. Ake zephuke zonke izinduku zethu esiziphetheyo, ngaphambi kokuba sizilahle amathambo okokugcina.

Ngibonile ukuthi ngenkathi ngilwa kanye nani loludaba lwezwe laseNgwavuma abanye **batafowethu** abasekudingisweni abazithunywa ze-ANC bathumele izincwadi abazisakaza lapho eNgwavuma belwa nami bengithuka. Mina kangilwi nanoyedwa umuntu noma yinhlangano ethi ilwela amalungelo omuntu omnyama kulelizwe ngisho labo abazama ngaphandle kwemingcele. Noma mina ngingahambisani nokusebenzisa udlame okwamanje, kodwa angize ngingabagxeka labo abalusebenzisayo ngokubona kwabo, kuyilungelo labo ukuzabalaza ngendlela ebalungelayo. Yingakhonje ngenkathi uMbutho waMasotsha wabamhlophe(South African Defence Force) uhlasela eMaputo naseMaseru uyobulala zona izithunywa ze-ANC ezibhace kulawomazwe, ngazisola kakhulu nakabanzi lezozenzo, namanje kangiyeki ukuzisola. Kuyisimangake ukuba kube yimi engichashwa ngezinhlamba ngabathi bangu-ANC, ngoba kangazi ukuthi singaphuma kanjani sonke kulelizwe lethu siyobhaca emazweni amanye, kube nombutho waMasotsha alelizwe uyazichachazela-nje. Futhi ngisho ngabe siyathanda kasikwazi ukuhamba sonke siyobhaca emazweni amanye, njengabafowethu abazithunywa eziphesheya zalenhlangano esasikuyo esiyavalwa nguHulumeni wabamhlophe. Ukuba nami ngiphesheya ngubani ongabe uwa evuka nani eshikashikana namaBhunu nxa esephuca okungokwethu? Kangisho khona ukuthi ukubakhona kwabo phesheya akunamsebenzi. Ngakhoke nabo kabasukusho ukuthi ukubhekana kwami emehlweni nabamhlophe abasicindezeleyo usuku nosuku kakunamsebenzi. Yilelo galelo linomsebenzi emzabalazweni. Angikaze ngisho mina ukuthi ngenani eMbuthweni waMasotsha alelizwe ngoba ngithi nxa kunjalo ningabhekana nabo bengabafowethu singaxabene ngalutho sodwa. Nalabo futhi abaseMbuthweni waMaphoyisa angikaze ngibagxeke mina. Into nje engiyaye ngiyikhulume kuphela yikuthi siyokwehluleka njalo

ukuhloma........./3

ukuhloma nxa ubandlululo nokusicindezela kusemi ngothi kulelizwe njengoba bekukhombisa, njengakho nje ukuzama ukusephuca izwe lethu bayocubuza ngalo eMbusweni waMaSwazi, umbuso owawuvele ukhonze KwaZulu kusukela endulo. Ngakho ngikubuka ngikwenyanye ukuthi abathile eMbuthweni waMasotsha (SADF) bahambe begxeka umbutho wethu weNkatha kanye nokuzama ukusehlisa isithunzi kubantu baseNgwavuma nangokukhuluma ngokungeyisa behambe bengigagula ngegama, kodwa abakubo bengabagaguli. Lento-ke ikhulunyiwe Ondini mhlaka-11 kuyo lenyanga, kukhona noLieut-General Geldenhuys obaphethe, kanye no-Brigadier Bosman ophethe uMbutho wamasotsha lapha eNatal. Bathe zixhwanguxhwangu zakubo ezenza lokhu, bathi bayaxolisa akusuki kubo.

Ngithi-ke mina manini isibindi ningatatazeli, abezwa kuxhaphazela eziswini bagaye ujiba bashubise. Niyazibonela ukuthi mina njengezangelo zami engazethiwa nguMntanenkosi uMama,'ngingukakekile' njengomama uMntwana uKakekile ka Dinizulu. Ingizela ngezindlela zonke impi elwa nami. Mina kayingitatazelisi leyompi noma ingizela kanjalo ngemizila eyahlukene. Nezinhlamba nezinsongo zamaSwazi kazingitatazelisi futhi kangazi noma ngabe kukhala amaxoxo emfuleni yini, nxa ngizwa okushiwo ngamaSwazi. Kangizwa nokuthi bathini. Kuxokozela amaxoxo emhlangeni nje kimi. Ningazeke navuma ukuba uhlelo lwethu lubhediswe yizitha zethu, ngisho ezimnyama njengathi uqobo. Nabafowethu abasekudingisweni kungakubi nxa kanti bephisele eklolweni-nje bengaphiselele izitha zethu sonke, kodwa bephiselele thina bakubo. Kasidingi ukuba babhekise kithi ukudla kwesikhali abasiphetheyo, ngoba nathi nxa benzenjalo bayokwenza siphiselele eklolweni ukuzivikela kubo. Lento ngibona kufanele icace manje icacele noma ngubani, kungabibikho othi akazi lapho simi khona. Ngibonga ukungeseka kwenu ngokungena kwenu eNkatheni nangezindleko zecala.

IZWE! NGELETHU!
INGWAVUMA! NGEYETHU!.
AMANDLA! NGAWETHU!
MATLA! ARONA!
SONQOBA! SIMUNYE!

Mangosuthu G. Buthelezi
UMongameli weNkatha
NoNdunankulu kaZulu

January 1983
ULUNDI.